**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUHALALISELA ABASHAYELI MHLAKA 10 APRIL 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

? Umncintiswano womshayeli wonyaka, iDriver of the Year, uhlose ukwehlisa izingozi nokufa kwabantu okubandakanya amaloli amakhulu namabhasi. Lokhu kwenziwa ngokufundisa abashayeli amakhono okushayela ukuze benze ngcono izinga lokusebenzisa umgwaqo.

? Umncintiswano onjengalona uyabasiza nosomabhizinisi ngokuthi abashayeli babo bathole uqeqesho olwengeziwe. Phela abashayeli abanamakhono yibona abazokwazi ukuphephisa izimpilo zabantu futhi kwehle nezindleko zokulungiswa kwezimoto.

? Ngithanda ukubonga bonke ababambe iqhaza basimela eBloemfontein emncintiswaneni kazwelonke ngonyaka odlule. Siyazi ukuthi abahlanu kubashayeli abangu-11 abebengenele okazwelonke bakwazile ukungena ohleni lwabathathu abaphambili emikhakheni yabo ehlukene.

? Abane kulabashayeli bazokuba yingxenye yethimba likazwelonke elizoqhudelana ezingeni lomhlaba e-Italy. IKwaZulu-Natal iphinde yadla umhlanganiso ngokuba neqembu elivelele. Yingakho sithe namhlanje kumele senze lo mcimbi wokuhlonipha abashayeli ngomsebenzi wabo omuhle kangaka.

? Sithi sibathulela isigqoko abashayeli bethu ngoba siyazi ukuthi umsebenzi wabo awulula neze. Abashayeli bamaloli banikela ngesikhathi sabo esiningi kanti namahora okusebenza kwabo ayabakhathaza. Kodwa bona bayazama ukugcina amasondo omnotho wethu okhulayo ehlale ephenduka.

? Nginethemba lokuthi izinhlelo ezifana nomncintiswano we-Driver of the Year ngempela zizokwenza ngcono amakhono okushayela izimoto ezinkulu kanye nokuphepha kwabashayeli bazo. Kodwa ngithanda ukugcizelela ukuthi lo mncintiswano kudingeka ukwazi nokufundisa abashayeli ngezindlela zokuxhumana nabanye abantu nokubekezelelana emgwaqeni.

? Kumele siwuqede lo mqondo wokuthi abashayeli baseNingizimu Afrika abaziphathi kahle, kumele sikhombise ukuthi singabashayeli abahle abazikhathazayo ngokuphepha emgwaqeni. Siyadinga ngempela ukuthi senze ngcono indlela esiziphatha ngayo emgwaqeni.

- Ningakhohlwa futhi ukuthi into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abanesandla emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Kodwa ngithanda ukuxwayisa okhanda limtshelokwakhe emgwaqeni ukuthi izinto zizoshintsha kakhulu kulo nyaka. Njengoba sigubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.

- Sizoqalisa nangohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.

- Ngakhoke nginxusa bonke abashayeli baKwaZulu-Natal ukuba baseseke njengohulumeni emizamweni yethu yokwehlisa izingozi zomgwaqo. Sengathi ningashayela kahle niphephe uma seniphindela emakhaya. Siphile siphilise nabanye.

**Ngiyabonga**